# Hillcrest High School
# IsiZulu Ulimi lokuqala lokwengezelela
# 1st Additional Language Mother Tongue
# Ukuhlolwa kukaJuni 2014
# Ibanga leshumi (Grade 10)
# Iphepha lesibili (Paper II)

ISIKHATHI: 2 AMAHORA

UMKLOMELO: 70

Qaphela: Fundisisa lonke iphepha ngaphambi kokuqala ukuphendula imibuzo.
Musa ukuxova imibuzo.
Phendula ngesiZulu esivumelekile.
Bhala ngobunono usebenzise ubhalo magama olusemthethweni.

# ISIQEPHU A

**IMPICABADALA** **N. G. DLAMINI**

1. **Ake ufunde less siqeshana osinikiwe esilandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo NGEMISHO EPHELELE.**

| | |
|---|---|
| **Themba** | : *(UThemba aqale ngokuthula edla imihlathi, ngesikade useyavuma.)* Ngiyezwa. |
| **Zungu** | : Le mihlathi oyigudlayo yojamiswa isibhakela ngelinye ilanga. |
| **Themba** | : *(Ufaka izandla emaphaketheni.)* Ngiyethemba sekuphelile ebeningibizele khona. |
| **Zungu** | : *(Wadinwa wagana unwabu.)* We mfana! Umthetho wakho uluhlaza yini? Awuphekwanga! Engifuna ukwazi ukuthi kuyigunya lethu ukuthi sivikele lowo nalowo mfundi lapha esikoleni. Akekho namunye umfundi okumele azenzele umathanda komunye. |
| **Donsa** | : Ngingakwephuli nje ulimi thisha, lo mfana ngamtshela kahle ukuthi iliphutha le nto ayenzayo ngoba manje le ngane ayisafundi kahle ngenxa yakhe. |
| **Zungu** | : Uyabona mfana, ngiyabona ukuthi usemncane, umhlaba awukawazi ukuthi uhlaba owuchwenselayo. Futhi nje wena unenhlanhla ngoba mina anginaso isikhathi sokuncengana nezichwensi ezinjengawe. Ngikholwa ukuthi induku iyakuqeda ukuchwensa. *(Uyamgqolozela, uThemba athule, abheke eceleni elokhu emuthi jejemuzi ngehlo lokweyisa.)* |
| **Donsa** | : Isondo liyajikajika mfana wami. Nawe uyoba nengane ngelinye ilanga, kungaba umfana okanye intombazane iphazanyiswe izichwensi ezinjengawe kwekwenzayo izithole ingasakwazi ukuqhubeka ngoba izama ukuphephisa impilo yayo, kepha ibe ilahlekelwa amalungelo ayo. Uyihluphelani intombazane Themba? Ungajabula uma iyeka isikole ngenxa yakho? |
| **Themba** | : *(Ngokungabaza)* Angeke. |
| **Zungu** | : Okubi nje ngani, amantombazane niwashiya |

1.1 Sibizwa ngokuthini isikole laba abakhuluma kulesi siqephu osifundile abakuso? (1)

1.2 Owakabani lo Themba odla imihlathi lapha? (1)

1.3 Wenza musebenzi muni uMnumzane Zungu? (1)

1.4 Yini le eyenziwa uThemba komunye umfundi engavumelekile (1)

1.5 Le nto eyenziwa uThemba yagcina inamuphi umthelela empilweni yalo eyayenziwa kuye. Chaza ngamaphuzu amathathu. (4)

1.6 Ubani igama nesibongo salo mfundi okukhulunywa ngaye lapha? (2)

1.7 Ubani kulawa madoda owakwazi ukusiza lo mfundi futhi wamsiza kanjani? (2)

1.8 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenziswe endabeni:

1.8.1 Umuntu oluhlaza (2)

1.8.2 Isondo liyajikajika. (2

1.9 Bhala imisho EMIBILI esesiqeshini ekhombisa ukuthi uThemba wayengahloniphi. (2)

[18]

ezintathu umuntu emunye. Okusho ukuthi izinsuku ezintathu ezilandelanayo.

**MaNdaba** : Kodwa uthi akuzoba inkinga nje lokho ngoba phela izingane zakwaMkhize zihlala ngaphakathi ungathi opholi bekhiyelwe ekhejini? Hhayi! Kodwa ngizobona. *(Uyathatha ufaka ekhikhini lakhe lephinifa.)*

**Ngqondo** : Angikushiye Ndabo. Ubatshele ukuthi sengakhe eLindelani sebekhululekile ukufika. Ungabe usangikhipha bangaze bangibone ukuthi ngivela kwakho. *(Uyaphuma.)*

**MaNdaba** : *(Umemeza ngesankahlu.)* We ntombi, uthi ngizoyithathaphi imali yesobho lezingane zakho?

**Ngqondo** : Hawu! *(Uthushuka eduzane okusho ukuthi ubengakabi buqamama.)* Awu! Ayikho into umuntu angayenza nawe Ndabo, manje abantu sebezothi isobho lani leli olishoyo? *(Ufaka isandla emabeleni ukhipha isikhwama semali.)* Thatha nanka amarandi amahlanu ngicabanga ukuthi azokwenela.

**MaNdaba** : Amalandi amahlanu nje kuphela abantu ababili. Kanti uphalafini wokupheka lelo sobho amanzi yini?

**Ngqondo** : Kanti ufuna ngikunike malini?

**MaNdaba** : Mhlawumbe amalandi alishumi angcono.

**Ngqondo** : Mh! *(Ngokucikeka ukhipha amanye amarandi amahlanu.)* Awu, usayithanda namanje imali bengithi usungcono. Uwenze kahle-ke umsebenzi wami Ndabo. Ngikhokhe kabi ngalo muthi.

1.10 Abantu bakabani laba uNgqondo angafuni bambone ukuthi uvela kwaMaNdaba? (1)

1.11 Wayehlobene kanjani nalaba bantu ayengafuni bambone uNgqondo? (1)

1.12 UMaNdaba lo okhuluma kulesi siqephu uhlangana kanjani nesikole lapho kufunda khona oDelisile? (1)

1.13 Ubani isibongo sikamyeni kaNgqondo? (1)

1.14 Yini le eyadala ukuthi uNgqondo awushiye umuzi wakhe aze ahlale eLindelani Chaza ngamaphuzu amathathu kabanzi ngembangela yalokhu. (3)

1.15 UMaNdaba wakwazi waphumelela yini ukukwenza lokhu ayekucelwe uNgqondo? Chaza ngamaphuzu amaTHATHU. (3)

1.16 Ngabe iqiniso noma umbono ukuthi inkinga kaDelisile yayingeke yaxazululeka yayimpicbadala? Sekela ngamaphuzu amaBILI (2)

1.17 Qedela le misho elandelayo ngokubhala igama elifanele kuphela:

1.17.1 Igama likadadewabo kaDelisile u______ (1)

1.17.2 _____ igama likankosikazi kaDonsa. (1)

1.17.3 Umama kaMadoda Mkhize kwakungu_____. (1)

1.18 Phendula le mibuzo ngokuthi IQINISO noma IPHUTHA:

1.18.1 USgwinyamakesi yinyanga eyanika uNgqondo umuthi. (1)

1.18.2 UNozipho wayefundela ukuba nguthisha. (1)

[17]

AMAMAKI ESIQEPHU A:35

## ISIQEPHU B

**UMHLABA UYAPHENDUKA** **A. B. SHANGE**

2. **Ake ufunde lezi ziqeshana ozinikiwe ezilandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo NGEMISHO EPHELELE.**

> Ngale ekamelweni labadala uMaKunene wabe eqala eyithatha indaba.
>
> "Baba kaNomfundo. Uyazi kunento eyenzekayo la engingayithandi."
>
> "Yini yona leyo?" Kubuza uMadonsela ezishwatheka ezingutsheni.
>
> "UNqobani uhleli yedwa laphaya ekamelweni, akafuni ukukhuluma."
>
> "Yini, uyenqena ukukhuluma?" Kuphendula uMadonsela eselele ikhanda elibhekise phezulu. Le mpendulo yakhe ingamjabulisi uMaKunene, uMaKunene abone ukuthi umyeni wakhe uyedembesela.
>
> "Ungakhuluma kanjani kanjalo ungazange umbheke naye uNqobani lowo? Uma ngithi uthule akakhulumi ngisho ukuthi akakhulumisi muntu, uquvile nje laphaya ekamelweni. Akamkhulumisi ngisho noBhekisipho. Wena uma kukhona omenze kona yisho. Noma mhlawumbe uchaza ukuthi awukukhathalele ukuthula kwakhe?"

2.1 Ubani owayengakhulumisi muntu lapha kwaMadonsela? (1)

2.2 Yini le eyadala ukuthi lo ombhale ngenhla angakhulumisi muntu? Chaza ngamaphuzu amabili (2)

2.3 Waphendula wathini uNqobani ngesikhathi bethi akeze azodla? (1)

2.4 Uhlala kuphi umndeni kaNqobani? (1)

2.5 Le nto eyaphatha kabi uNqobani wayizwa ngobani? (1)

2.6 Wagcina embuzile yini uNqobani ngalobu busuku ukuthi uquveleni? Chaza ngamaphuzu amaTHATHU. (3)

2.7 Kuchaza ukuthini lokhu okulandelayo:

2.7.1 Ukuthatha indaba (2)

2.7.2 Ukuquva. (2)

2.7.3 Ukubheyila umuntu. (2)

2.8 Qondanisa lokhu okuhlu A nalokhu okuhlu B:

| UHLU A | UHLU B |
|---|---|
| 2.8.1 UMadonsela | a) Umama owatshela uNqobani iqiniso. |
| 2.8.2 UMaKunene | b) Usebenza ebhange laseGermiston. |
| 2.8.3 UMaNhlebele | c) Usebenza esibhedlela unesi. |

3X1

[18]

Ukucabanga konke nje lokhu uMadonsela sebebheke ekhaya. Imicabango yakhe le yamanje iqale nje ngesikhathi sokuphuma kwesonto. Sonke lesi sikhathi akakhulumisi muntu. Noma ubani omnakile ubonile ukuthi uMadonsela akakhulumisi muntu namhlanje, akamnandi neze. Bahamba-ke bonke bephindela ekhaya njengokuza kwabo. UNqobani yena wayevele waphelela emehlweni abo nje ngesikhathi sebehamba.

Kwafikwa-ke ekhaya, uMaKunene wangena ekamelweni ukuze ayoshintsha izingubo zesonto. Uthe lapho esephuma ebona izingane zakhe zihleli zonke emnyango zijabule, kwamphatha kabi ukuthi uNqobani akekho kulezi zingane. Kube mnyama kuMaKunene. Kwahlala obala ukuthi lukhulu luyeza luyanyelela, kwabonakala ukuthi kukhulu osekuqalile. Akhe uMaKunene, abhidlize. Acabange ukuthi ngubani ngempela ongabasiza kule nkinga abakuyo. Sekumcacele ukuthi le nkinga akusiyona into abangazikhipha kuyona ngamandla abo. Kudingeka umuntu ongaphandle kwale nkinga, abasize bachoboze le nkinga bayibulale. Anqume ukuthi akekho omunye umuntu ongabasiza, ngaphandle kukaMaNhlebele.

2.9 Uvelaphi uMaKunene njengoba efika nje? (1)

2.10 Yini le eyayenza uMadonsela angakhulumisi muntu? (1)

2.11 Ayethini amazwi afundwa esontweni aphatha kabi uMadonsela wagcine engasakhulumisi muntu? (2)

2.12 Lawa mazwi ayethathwe kuyiphi incwadi ebhayibheleni? (1)

2.13 UMaKunene uhlobene kanjani noMaNhlebele amvakashelayo? (1)

2.14 UMaKunene wamfica yini uMaNhlebele kwakhe? (1)

2.15 Yikwabani isibongo salo muzi okuye kuwo uMaNhlebele? (1)

2.16 Kwakuyiphi inkinga ayebhekene nayo uMaKunene le eyamenza waya kuMaNhlebele? Bhala amaphuzu amabili. (2)

2.17 Libizwa ngokuthini ilokishi abahlala kulo laba abakhuluma lapha? (1)

2.18 Leli lokishi olibhale ngenhla liseduze namaphi amadolobha amabili? (2)

2.19 Phendula le mibuzo elandelayo ngokuthi IQINISO noma IPHUTHA.

2.19.1 UBhekisipho umfowabo kaThandi Madonsela. (1)

2.19.2 Umama kaNqobani uMaMthembu wakwaMaphumulo. (1)

2.19.3 UNomfundo noThandi bafunda esikoleni esiseNanda samantombazane. (1)

2.19.4 UNqobani uneminyaka eyishumi nesikhombisa. (1)

[17]

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

**ISAMBA : 70 AMAMAKI**